3.5 Athobele imithetho kahulumeni nekamasipala

3.6 Impahla edayiswayo ivumelane nobunjalo bendawo, kodwa uMkhandlu uyophokophelela ekuthuthukiseni amathuba omnotho/ezimakethe endaweni.

4. Imibandela

Ekwabeni izindawo zokusebenzela uMasipala waseThekwini uyozama ukufeza le migomo elandelayo.

4.1 Umgomo

4.1.1 UMkhandlu uyosebenzisa ukwabiwa kwezindawo zokusebenzela ukubhekana nokungabi bikho mathuba kwamathuba ezomnotho kuleyo miphakathi eyayincishwa amathuba phambilini.

4.1.2 Ekwabiweni kwezindawo zokusebenzela kuyobhekelwa kakhulu abesifazane nabantu abasebasha nalabo abakhubazekile ngokuchaza komthetho wezwe.

4.1.3 Abokufika kuleli abasemthethweni abenezimvume zokusebenza bayovunyelwa ukuba bahwebe inqobo nje uma bezanelisa izidingo okuvunyelwene ngazo.

4.1.4 Kuyobhekela imifelandawonye ebhalisiwe emnyangweni ofanele kaMasipala.

5. Amaphuzu

Ukubalwa kwamaphuzu kuyokwenziwa ngendlela eyohlangabezana nemigomo ebekiwe.

5.1 Noma ngubani owayavumelekile ukuvota ngaphambi kuka-1984 = 1

5.2 Noma ngubani owayngavumelekile ukuvota ngaphambi kuka-1995 = 2

5.3 Imifelandawonye eyaziwayo njengoba kuyosizakala abantu abangaphezu koyedwa ngendawo yokusebenzela = 3

5.4 Impahla edayiswayo enenani kanye nekhono = 1

5.5 Impahla edayiswayo enenani eyakhiwa lapho kuleyo ndawo yokusebenzela, noma eyakhiwa ngumfelandawonye ofake isicelo ayilunga lawo = 1

5.6 Ofake isicelo endaweni engowendawo = 1

5.7 Noma ngubani ofake isicelo sendawo yokuhwebela esendaweni engaphansi kukalo Masipala ngobubanzi bayo ebe ehlala endaweni engaphansi kukalo Masipala = 1

6.Indlela

- Isekhula ngezindawo zokuhwebela ezingenamuntu iyokhishwa inikwe amakhansela ngenjongo yokuwazisa ngezindawo ezitholakalayo.

- Noma iyiphi indawo yokuhwebela engenamuntu iyokhangiswa kubantu bendawo abakhele leyo ndawo. Izindawo zokuhwebela ezisezingeni likaMasipala ngokubanzi ziyokhangiswa kuyo yonke indawo engaphansi kukaMasipala.

- Ngeke lube khona uhlu lwabalindile, labo asebesohleni olunjalo bayokwaziswa ukuze baphinde bafake izicelo uma kuvela indawo ezokwabiwa.

- Lapho amaphuzu elingana, indawo iyokwabiwa ngokutomula.

- Abahwebi vele asebekhona bangafaka izicelo zezinye izindawo. Uma umuntu ethola indawo entsha, kuyodingeka ukuba ayishiye leyo akade esebenzela kuyona.

- Umnyango uyonika amakhansela imibiko njalo ngekota mayelana nokwabiwa kwezindawo zokuhwebela.